**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATALI UMNUZ WILLIES MCHUNU, EMCIMBINI WOKWETHULWA KWENYANGA YEZOKUTHUTHA EMBUMBULU, MHLAKA 02 OCTOBER 2015.**

- Mphathi Wohlelo, S'bu Buthelezi;
- INkosi yesizwe sakwaMakhanya;
- IMeya ehloniphekile yoMkhandlu waseThekwini uZwide;
- Umlingani wami ophethe ezeMpilo, u-Dokotela uDhlomo;
- Usihlalo wekomidi ezokuThutha ePhalamende, u-Kaunda;
- Amalungu eSishayamthetho akhona lapha;
- AmaKhosi aseNdlunkulu wonke akhona;
- Abefundisi abasihola ngeZwi likaNkulunkulu;
- UMengameli weSANTACO kuzwelonke, ubaba u Taaibosch;
- AmaKhansela wonke akhona;
- Inhloko yomnyango wezokuThutha;
- Izinduna zamaKhosi;
- Ubuholi bonke bezinhlaka ezahlukene emphakathini;
- Izinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuThutha nakwezokuPhepha;
- Abasebenzi beminyango kaHulumeni ngokwehlukana kwayo;
- Abezindaba;
- Nomphakathi wonke okuyiwona esingawo lapha namhlanje;

Bafowethu nodadewethu ngiyanibingelela nonke.

**October Transport Month**

Mangiqale ngokudlulisa ukubonga kunina ukuthi niphumelele ukuhambela lo mcimbi esiwuthatha njengobaluleke kakhulu wokwethula inyanga yezokuThutha esifundazweni saKwaZulu-Natal.

Lona ngumcimbi esiwenza ezingeni lesifundazwe njengoba nakusasa uNgqongqoshe kazwelonke uMama uDipuo Peters uzobe ethula okazwelonke emcimbini ozobanjelwa eBushbuckridge, esifundazweni saseMpumalanga.

Unyaka nonyaka uba nesiqubulo. UNgqongqoshe uPeters ushilo-ke ukuthi sizoqhubeka nesiqubulo ebesisebenza ngaso nangonyaka odlule lapho sithi:

***"Together We Move South Africa Forward."***

Kusho ukuthi sithi kumele sibambisene sonke ukuyisa izwe lethu phambili.

Kodwa-ke futhi ngokwegunya esinalo njengoMnyango wesifundazwe sithe ngenxa yezimo esibhekene nazo lapha KwaZulu-Natal, sizoqhubeka nokusebenzisa isiqubulo sethu esithi:

***"Road Safety is Our Collective Responsibility."***

Ngalesi siqubulo sisho ukuthi senza ukuphepha emgwaqeni kube umsebenzi wethu sonke.

Le nyanga yezokuthutha ka-October ifika ngesikhathi lapho isifundazwe saKwaZulu-Natal sibhekene nokwenyuka kwesibalo sabantu abafela emigwaqeni yethu kulezinyanga ezimbalwa ezidlule.

Kodwa futhi okunye osekube yinkinga muva nje yilokhu kokungabi khona kozinzo embonini yamatekisi lapho kwezinye izindawo sekuphume imiphefumulo.

Njengoba cishe sonke esilapha sazi; uHulumeni kuningi osukwenzile ukulwa nesihlava sokufa kwabantu emigwaqeni kanjalo nokuzama ukuletha uzinzo embonini yokuthutha umphakathi.

**Ukuphepha emgwaqeni**

Uma abantu befunda amaphephandaba, belalela imisakazo, bebuka i-TV noma behamba emgwaqeni bahlale bethola ukukhunjuzwa ukuthi kumele baziphathe kanjani uma besebenzisa umgwaqo.

Abantu bakithi basuke belekelelwa ukuthi bangalenzi iphutha elizogcina ngokuthi bakhubaze, bafe noma babulale abanye emgwaqeni.

Ngisebenzisa igama lephutha ngoba sekwavunyelwana yonke indawo ngisho abacwaningi bayasho ukuthi izingozi zomgwaqo ezibalelwa kumaphesenti afinyelela ku 90, zidalwa yiphutha lomuntu. Kusho ukuthi kusuke kukhona umshayeli noma ohamba ngezinyawo ophule umthetho othile womgwaqo.

Namhlanje sikhuluma ngokwenyuka kwezinga lezingozi zomgwaqo esike sabona kwehla kule minyaka edlule saze sanethemba ngenkathi ucwaningo luveza ukuthi sesehlise ngaphezulu kuka-33 wamaphesenti ukufa kwabantu emigwaqeni yalesi sifundazwe.

Kodwa inkinga iphinde yaqala kusuka ngo-2013 lapho salahlekelwa ngabantu abaningi kuhlanganisa ingozi yeloli ku-M13 neyebhasi eyayithwele izintombi zibuya emkhosini woMhlanga.

Bheka nje kule nyanga esiphuma kuyona kaSeptember kuze kube uMsombuluko silahlekelwe ngabantu abangu-**162** ezingozini ezingu-**155**. Ngonyaka isibalo ngesikhathi esifanayo sasimi kubantu abangu-**141** ezingozini ezingu-**122**. Lokhu kusho ukuthi silokhu sinyuka manje unyaka nonyaka.

Uma uqhathanisa isikhathi esingunyaka ukufika ku September 2014, silahlekelwe abantu abangu 777 ezingozini ezingu-729. Okushaqisayo ukuthi lesisibalo siphinde sakhula saya ku-855 abantu abashonile ezingozini ezingu-751.

Yikho ke lokhu okusikhathaza kakhulu!

Nokho-ke njengesifundazwe sifisa ukushayela ihlombe igxathu eselithathwe nguHulumeni manje lokuba kugunyazwe ngokomthetho ukusebenza kohlelo lwe-Demerit System, oluhlephula amaphuzu elayisensi kancane aze aphele kulabo abaphula imithetho bephindelela.

Thina lapha KwaZulu-Natal sithe liphume nobomvu ngoba vele kade saqala sigqugquzela ukuba luqaliswe lolu hlelo, okuhambisana futhi nokuba kuqiniswe izigwebo ezinkantolo zamacala omgwaqo.

Sijabulile ngokuthi ithimba le-Road Traffic Infringement Agency (RTIA), linqume ukwenza i-road show lapha KwaZulu-Natal, eThekwini, ngesonto eledlule lapho besimemezela sifundisa nangokusebenza kwalolu hlelo. Kusijabulisile futhi ukuthi zonke izinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuthutha zilwamukele ngezandla ezimhlophe lolu hlelo zathi zilubona lungaba yisixazululo ekubuyiseni ukuziphatha kahle kwabashayeli.

Ngo-April wonyaka ozayo u-2016 nje kuyasuka-ke lokho!

Sithi njengoHulumeni kumele siqinisekise ukuthi ukwephula imithetho yomgwaqo akubi yinto nje ethathwa kancane.  Angeke sivumele ukwephulwa komthetho kuqhubeke nokuthatha izimpilo zabantu bese kubuye kulimaze umnotho wethu ngale ndlela okwenzeka ngayo.

Siyabonga futhi nokuthi emicimbini enjengalona sithole ukwesekwa nayizinhlaka njengemboni yokuthutha impahla, i-Freight Industry ne Biker's Associations.

Iqiniso ukuthi siyabadinga bonke ukuba basondele eduzane, ikakhulukazi ngoba izingozi zisithinta sonke. Imihla namalanga kubikwa ukulimala nokufa kwashayeli bezithuthuthu.  Kanjalo izingozi eziningi KwaZulu-Natal zifaka ama-truck.  Ngeze sakhohlwa inhlekelele eyenzeka ePinetown eyadlula nabantu abangu-24.

We appreciate that you are with us today; and trust that you will play your part as we fight the scourge of accidents and carnage on our roads.

It is my wish that, working together with the Freight Industry Association, we should be able to identify chronic offenders (companies) and compel such companies to undertake road safety sessions focusing on sound driver behaviour patterns.

Ngizwile futhi ngamaKhansela ukuthi lo mgwaqo u-R603 unezingozi eziningi. Umnyango kuzomele ungenelele ukuletha ukuphepha kule ndawo, ikakhulukazi ngoba lo mgwaqo wakhele imizi nezikole.

Ngiyathanda ke ukuthi sizibuze ukuthi: Singabe sakha izwe elinjani elizosala nezingane ezidengwane, eziyizintandane, okanye osekuyizona eziphethe amakhaya, zibe ziyizingane?

Asibhukule sonke ngokwezinhlaka zethu ezahlukene, siqinisekise ukuphepha emgwaqeni!

**Uzinzo embonini yamatekisi**

Uma siza embonini yokuthutha umphakathi, mina ngibona ukuthi phakathi kwezinselelo esesike sabhekana nazo njengoHulumeni wentando yeningi, zimbalwa esezike zaba inkanankana njengalezo ezihambisana nokuhlelwa kabusha kwezokuthuthwa komphakathi.

Kwabanye uma kukhulunywa ngemboni yokuthutha umphakathi bavele babone isithombe esibi sezinhlekelele nezidumbu.
Babona isithombe soshaya s'bhamu abaqhulula inhlamvu ngisho nakubagibeli abangenacala emini kwabha, kanye nokusocongwa kwabantu okwenziwa ngobumnyama.

Nokho-ke, siyazi ukuthi kososeshini bamatekisi abangu-246 esinabo esifundazweni, bambalwa kakhulu abasalokhu besinika inkinga bengafuni ukuba ngosomabhizinisi abaqotho njengoba sesibabiza ngosomabhizinisi abathutha umphakathi, hhayi osomatekisi.

Njengoba ngike ngasho ekuqaleni, kuningi nalapha uHulumeni asekwenzile emizamweni yokuthuthukisa umsebenzi wale mboni. Sikhuluma nje abanye njengaseMpangeni naseMnambithi nasePort Shepstone sebenamahhovisi ebhodi eduze kwabo.  Kungekudala indawo yaseJozini nayo izobe isinehhovisi.

Akusadingeki baye eMgungundlovu ukuyofaka izicelo zama-operating licence okanye ama-permit.

Lolu wuhlelo esisazoqhubeka silusabalalise nakwezinye izifunda noma amadolobha ukuze senze ngcono ukusebenza kwale mboni yokuthutha umphakathi, kuhlanganisa namabhasi.

Angikugcizelele futhi ukuthi eMnyangweni wezokuThutha azikho izicelo zama-operating licences or permits asilele, njengoba bekushiwo ngesiteleka ebesiseThekwini. Kunalokho sikhuluma ukuthi eThekwini kunama-phemithi angu-265 ahleli, angalandiwe ngabanikazi bawo. Bayazi-ke bona ukuthi inkinga ilelephi. Enye yazo ukuphula imithetho yemigwaqo eyenza abantu bangawalandi amaphemithi.

Nasodabeni lokuphepha njengamanje siphezu kwezinhlelo zokuqinisa ukuphepha emarenki okuzokwenganyelwa wuMnyango nomasipala.

Mangikugcizelele kodwa ukuthi kukho konke osekuhamba kahle kule mboni akukho okwenziwe wudlame.

Phambi kobuholi bemboni obukhona lapha obuholwa uBaba uTaaibosch no-Nondaba kuzwelonke nasesifundazweni saKwaZulu-Natal, ngiyakuqinisekisa ukuthi: Ukuthula kulethwe ukuxoxisana phakathi kukaHulumeni nemboni naphakathi kwabanikazi bemboni bebodwa ukuze kufikwe esivumelwaneni esizoyisa phambili imboni, igcine nayo ifana nawo onke amabhizinisi athuthukayo.

**Izinhlaka zezenkolo (Interfaith)**

Namhlanje sihlele lo mcimbi ukuba simeme nabaholi bethu bakaliZwi ukuba basimemele ophezu konke, uMvelinqangi, ukuba asisize sidlule kuzo zonke lezi zinkinga esikhuluma ngazo lapha.

Bafundisi bami, ngokwamabandla onke enibuya kuwo; ngivumeleni ngicaphune encwadini yamaHubo 119 ivesi 11, lapho kuthiwa: *"Ngilonde izwi lakho enhliziyweni yami ukuze ngingoni"*.

Ngifisa sengathi sonke lapha singaba nenhliziyo yokulonda okuhle ukuze singaphuli imithetho yomgwaqo futhi singabi yingxenye yokudala uthuthuva embonini yokuthutha umphakathi.

**Ingqalasizinda**

Makhosi aseNdlunkulu, namaKhansela endawo; ngike ngasho ekuqaleni ukuthi isiqubulo sikazwelonke sale nyanga yezokuThutha sikhuluma ngokubambisana ekuyiseni izwe lethu phambili.

Ukwakha ingqalasizinda yezokuthutha njengomgwaqo namabhuloho sikuthatha njengesisekelo esibaluleke kakhulu uma sizokwazi ukuyisa izwe lethu phambili.

Yingakho-ke siqhubeka nokuletha ingqalasizinda ikakhulukazi ezindaweni zasemakhaya ukuze siqinisekise ukuthi abantu bathuthukiswa lapho bekhona. Hhayi ukuthi kumele bayohlala phakathi edolobheni noma elokishini ukuze bathole impilo engcono. Lokhu sikwenza egameni likaHulumeni kaKhongolose, oholwa ubaba uJacob Zuma, obuye abe uMengameli wezwe.

Uma ungabheka e-South Africa, imigwaqo yetiyela ingaphezu kwamakilomitha adlula u-**750, 000**. Lapha KwaZulu-Natal siwumnyango wezokuThutha sinemigwaqo eyitiyela engamakhilomitha adlula u-**7, 400**.

Eminyakeni emihlanu edlule sakhe imigwaqo yetiyela engamakhilomitha angu **460**! Saphinde savuselela itiyela emigwaqeni engamakhilomitha angu-**1, 860**. Ngamanye amazwi, singuHulumeni oholwa uKhongolose, sakhe imigwaqo yetiyela engamakhilomitha angu-**2, 320**.

Ngaphezu kwalokho sakhe 1, 569 amakhilomitha emigwaqo emisha yobhuqu (gravel). Saqhubeka sakha amabhuloho ezimoto angu-28 nabahamba ngezinyawo angu-61.

***Siyaqhuba!***

**Umbumbulu Roads**

Namhlanje egameni loMnyango wezokuThutha noHulumeni waKwaZulu-Natal sethula ngokomthetho ukuqala komsebenzi wokwakha imigwaqo u-P740 no-D985 kanye no-P725 esizofakwa itiyela.

Uhlelo lwalo mgwaqo ikakhulukazi u-P740 luhambisana nesinqumo engasithatha ngonyaka odlule ngenkathi nina bantu abangabavoti ninquma ukubuyisela uKhongolose ekuphatheni isifundazwe wase nawo unquma ukuba ngiqhubeke nalo Mnyango wezokuThutha.

Isinqumo sami sathi ama-project noma ayethenjiswe kusaphethe uNdebele noma uCele kwagcina kungazekanga ukuthi kwenzekani ngawo, ngifuna wonke kubuyelwe kuwona.

Kodwa lapha nje ngifisa ukubonga kakhulu iqhaza elibanjwe ubuholi bomdabu, ikakhulu iNkosi uMakhanya esisendaweni yayo lapha; amaKhansela uMaphumulo, uMkhize noKweyama, umfowethu u Vasco Hlela oyilungu lesishayamthetho; ososeshini bamatekisi abahlanganisa uMgugu, nezinhlaka zomphakathi ezahlukene, nabo bonke abebengalali belwela ukuthi lifezeke leli phupho.

Siyayiqaphela inkinga edalekayo uma umasipala weTheku eqhuba izinhlelo zokufaka itiyela emigwaqeni engenela emiphakathini, ama-"access" road, kodwa uma usuphumela emgwaqeni omkhulu umuntu afike angene odakeni noma othulini.

**Imigwaqo esikhuluma ngayo**

**Main Road P740 and D985**

Imigwaqo esiyithulayo ezokwakhiwa maduzane ihlanganisa umgwaqo u-P740 ongu-16.83 amakhilomitha kanye no-D985 wona ongu-20.8 wamakhilomitha ubude.

Umgwaqo u-P740 usuka khona la kulo mgwaqo omkhulu u-R603 (P21/2) uhambe njalo uze uphinde uhlangane nawo u-R603 (P21/2) ngase Adams Mission. Kanti u-D985 uqala ku-P740 khona eMbumbulu uhambe uze uyofika ku-P728 eMgababa. Lokhu kusho sihlanganisa iTheku noGu, zingeza emigwaqeni emikhulu engo-N2 no R102.

Kule migwaqo sizotshala imali engu-**R757.5 million** ukuyakha, okuzothatha iminyaka eyisithupha ezayo ukuyiphothula. Amathuba emisebenzi abalelwa ku-**6, 490** azovela uma kwakhiwa le migwaqo.

U-P740 uzosiza izikole ezihlanganisa:

- Kwaphikaziwa High School;
- Nyonemhlophe High School;

- Mdumezulu Primary School;
- Itshelimhlophe Primary School;
- Kwasunduzwayo Primary School;
- Ingongomisa Primary School; kanye ne
- Sayidi FET College.

Siyazi futhi ukuthi kunezinhlelo zemisebenzi yokumbiwa phansi esabukwa endaweni yase-Tshelimhlophe nezokulima nokufuya.

U-D985 wona uzosiza izikole ezifaka:
- Saphumula High School;
- Kwajabula High School;
- KwaQumbu Primary School;
- Udidini Primary School;
- Qiniselani Primary School;
- Goqozi Primary School;
- Kwajakobe Primary School;
- Emandlakhe Primary School;
- Kwaskhukhukhu Primary School; kanye ne
- Didini Clinic.

**Main Road P725**

Sithe futhi ngoba sesiyaziphothula izinhlelo zethu zomgwaqo u-P725 osuka eMbumbulu ubheke eNgonyameni uze uyophelela eMlazi ngakwa-K Section, sibona kukuhle sikumemezele namhlanje ukwakhiwa kwawo.

Lo mgwaqo ongu-20 km ubude sizofaka kuwona u-**R124.8 million** sakha amakhilomitha angu-10 angakabi itiyela okwamanje. Silindele ukuthi uthathe iminyaka emihlanu ukuphothulwa.
Kulo mgwaqo-ke likhona itiyela eselake lafakwa amakhilomitha ayishumi kodwa elingasekho esimweni esikahle kwezinye izindawo.

Nakhona silindele ukuba kusizakale nabantu bendawo ngamathuba emisebenzi abalelwa ku-**1, 200** uma sekuqhubeka lo msebenzi.

Siyazi ukuthi lamathuba esikhuluma ngawo kuba ngawesikhashana ngenkathi kwakhiwa, kodwa yiwona futhi asesize abantu abaningi ngamakhono alekelelayo ekutholeni imisebenzi kwezinye izindawo.

Ngiyafisa futhi ukubongela imiphakathi yalapha eMbumbulu naseThekwini namaphethelo ngoba njengoba sethula lolu hlelo lomgwaqo nje, kuningi nokunye esesikwenzile nesikwenzayo nesisazokwenza ikakhulukazi ngokubambisana noMasipala weTheku.

Thina eMnyangweni nje singawabala ama-project esesiwaqedile okubalwa:

- iMbokodweni River Pedestrian Bridge esilakhe ngo-R6 million;
- uMlazi River Pedestrian Bridge eHammarsdale elidle u-R5 million;
- uMvuzane River Pedestrian Brigde ku-P577 KwaDabeka esalakha ngo-R8 million;
- NeMachobeni River Pedestrian Bridge eNanda edle u-R4 million.

Ziningi izinhlelo ezisaqhubeka esingabala kuzo:

- u-**P577** oxhumanisa uMashu nePinetown esifake khona u-**R1.1 billion**;
- u-**P255** esiwunwebayo ukuze ube nemizila emibili uhlangothi ngalunye lapho sifake khona u-**R270 million**;
- u-**P2-1 and 2 eMount Edgecombe kuya eKing Shaka Airport** ngo-**R634 million**;
- u**Mlazi River Pedestrian Bridge** eWelbedacht eMariannhill esilakhe ngo-**R11 million**;
- **iZwelisha Pedestrian Bridge** esilakha ngo-**R3.84 million**;
- **NeNsimbini River Pedestrian Bridge** ehambisana nokuqedelwa **kweGolokodo Pedestrian Bridge** eyayimisiwe ngenxa yokuhlulwa wumsebenzi kwenkontileka. Lapha sifake u-**R3.84 million**.
- Kukhona futhi i-project esisaqedela izinhlelo zokuyiqalisa esikhathini esifushane esizayo okuwumgwaqo oyi-Local Road u-**L1578 eFolweni** ezodla u-**R50 million**.

Njengoba ngikhuluma ngalawa esizowenza maduze nje, sesiyazi futhi ukuthi kule minyaka yezimali emibili kusuka kulona esikuwona sifake imali engu-**R1.34 billion** emisebenzini yengqalasizinda lapha eThekwini, okuhlanganisa nokulungiswa kwemigwaqo okwenziwa ngosonkontileka bakaZibambele.

Ngizwile futhi ukuthi umphakathi walendawo umashushu ngohlelo lokuqamba kabusha imigwaqo, ngamagama amaqhawe endawo. Angikusho ukuthi impela amalungiselelo aloluhlelo ayaqhubeka.

**Ezinye izinhlelo ze-October Transport Month, zihlanganisa:**

- Ukuvulwa kweMngeni Interchange, eThekwini – ibhuloho elikhulukazi eselihambisa kalula uma uphuma edolobheni uya KwaMashu, eNanda, koPhoenix, eMhlanga, Gateway nase King Shaka International Airport;
- I-Nsuze River Bridge, eNkandla;
- Ihhovisi lamalayisensi namaphemithi (Provincial Regulatory Entity) laseMnambithi;
- Ukusayindwa kwezinkontileka ezintsha zamabhasi asezophathwa abantu abamnyama; kanye
- Nezinhlelo zokuphepha nokuhlonishwa komthetho emgwaqeni.

Ngaphambi kokuba ngiphethe, ngifisa ukudlula ekutheni maduze nje kuzoqala imikhankaso yokhetho lomasipala ngonyaka ozayo. Ngakho-ke kubalulekile ukuba siqale manje nathi sinxuse yonke imiphakathi ukuba ihloniphe umthetho ngesikhathi sokukhankasa.

Akekho umuntu okumele aphoqe noma asabise omunye noma amphoqe ukuba aqoke iqembu elithile ngenkani ngesikhathi sokhetho.

Ngalawo mazwi sithi masibambisane ukuyisa izwe lethu phambili. Sibonge ukuziphatha kwenu kulo mcimbi wenu, sengathi ningaphepha uma senibuyela emakhaya size sibonane futhi.

Ngiyabonga.